



Invest in your children!

We all have hopes and dreams for our children – that they will live happy, healthy and successful lives. And we know that achieving these dreams takes effort on our part.

The wisest investment we can make in our children is to give them our time – to listen to them, to talk together and to do things together. All of these things happen quite naturally when we spend even a short time each day telling and reading stories together. When we share stories with children we help to expand their world and we build a firm foundation for their futures. How about investing in your children in some of these ways?

Read in their mother-tongue. Reading stories in your mother-tongue makes reading easier and more enjoyable. Try our growing collection of stories in a range of South African languages on the Nalibali website (www.nalibali.org) or mobisite (www.nalibali.mobi).


Read what they love. For children to love reading, and to want to read every day, they need to enjoy what they are reading! Some children may like real-life stories while others like fantasy. In fact, developing an interest in reading particular types of books is a sign that your child is maturing as a reader. So, whatever sparks their interest, let them read it!

Read printed books. Young children learn a great deal through their senses. It is therefore very important for them to have the experience of touching and holding printed books and turning their pages. After all, nothing beats the feeling of curling up together with a book.

Read on their cellphones. Twenty-nine million South Africans use cellphones! For older readers and teens, this technology is especially exciting, and

being mobile means that they can read at any time – at home, or on the way to and from school.

Whatever it takes, get your children reading every day and help them find material that interests them. Once you have helped them to unleash the power of reading in their lives, no one can take this magical gift away from them! Plus you'll have the satisfaction of knowing that you have invested very wisely in their futures.



Tshala ezinganeni zakho!

Sonke sinamathemba namaphupho ezingane zethu – ukuthi zizophila izimpilo ezimnandi, ezinempilo futhi ziphumelele empilweni. Futhi siyazi ukuthi ukuze uzuze amaphupho akho kumele nawe uzimisele.

Ukutshala ngokuhlakanipha okukhulu esingakwenzela ezinganeni zethu ukuthi sizinike isikhathi sethu – isikhathi sokuzilalela, ukuthi sixoxisane nazo, bese senza nezinto ndawonye. Zonke lezi zinto zizenzekela ngokwemvelo nje uma sichitha ngisho isikhathi esincane nje osukwini ngalunye sixoxa futhi sifunda izindaba ndawonye. Uma sabelana ngezindaba nezingane zethu sisiza ukwandisa umhlaba wazo futhi sakha isisekelo esiqinile sezimpilo zazo zakusasa. Kunganjani-ke utshale okuyosiza ngomuso ezinganeni zakho ngezinye zalezi zindlela?

Ukufunda ngolimi lwasekhaya. Ukufunda izindaba ngolimi lwasekhaya kwenza ukuthi ukufunda kube lula futhi kuthokozeleke. Zama iqoqo lethu elikhulayo lezindaba ezingezinhlobo ezahlukeme zezilimi zaseNingizimu Afrika ewebhusayithini kaNalibali (www.nalibali.org) noma kumobhisayithi (www.nalibali.mobi).

Ukufunda abakuthandayo. Ukuze zithande ukufunda, futhi zifune ukufunda nsuku zonke, ezingane zidinga ukuthi zikuthokozele lokho ezikufundayo! Ezinye ezingane kungenzeka zithande izindaba ezenzeke ngempela ngesikhathi ezinye zithanda ezingewona amaqiniso. Empeleni, ukuba nothando lokufunda izinhlobo ezithile zezincwadi kuwuphawu lokuthi ingane yakho iyakhula ekufundeni. Ngakho, ziyeki zifunde noma yini ezihlaba umxhwele!


Ukufunda izincwadi ezishicilelwe. Ezingane ezincane zifunda lukhulu ngezinzwa zazo ngakho kubaluleke kakhulu ukuthi zikwazi ukuthinta nokubamba izincwadi ezishicilelwe nokuphenya amakhasi azo. Kanti vele, akukho okudlula ukuzihlalela nencwadi.

Ukufunda kumaselula abo. Abantu baseNingizimu Afrika abayizigidi ezingamashumi amabili nesishiyagalolunye basebenzisa omakhalekhukhwini! Kubafundi abadadlana namabhungu namatshitshi, lolu hlobo lobuchwepheshe luhlaba umxhwele kakhulu futhi ukuba nomakhalekhukhwini kuchaza ukuthi bangafunda noma yinini – ekhaya, noma endleleni yabo eya nebuya esikoleni.

Invest in a child on Youth Day – read a story together!

Tshala enganeni ngoSuku Lwentsha – fundani indaba ndawonye!

Noma ngabe ungenza kanjani, yenza ukuthi ezingane zakho zifunde nsuku zonke futhi siza ukuthi zithole ezizokufunda okuzihlaba umxhwele. Uma usuzisize ukuthi zisebenzise amandla okufunda ezimpilweni zazo, akekho umuntu ongaziphuca leso siphosi esiwumlingo! Futhi uzoba nokweneliseka kokwazi ukuthi utshale okuthile ngobuhlakani ezimpilweni zazo.



Drive your imagination

Read to me. Explore a story.
Ngifundele. Asijule nendaba.





Drive your
imagination

Story stars

Leading by example



Ziyaad Abdurahman, from Hanover Park in Cape Town, is a 24-year-old who is passionate about empowering others. He is also the author of the novel, *Gain friends, Lead people, Be a hero*. We spoke to Ziyaad about what motivates him.

When did you start writing?

I started in Grade 1. I made up all kinds of stories and wrote anything I could. During high school, I experimented with rhyme by writing rap and poetry.

Why did you write your book?

I want to share the knowledge I have. I'd like everyone to learn how to treat people in a kind and ethical way. I hope it will inspire people to help themselves by helping others.

What do you like to read?

I'm a regular reader of non-fiction books. I read anything that will improve my knowledge. This is because the more you know, the better and easier your life becomes.

How are you sparking a love of reading in others?

I've launched a literacy programme for Grade 7 learners in Hanover Park through my marketing company, Mazlo Corp. It encourages young people to read and write for enjoyment, while improving their basic literacy skills. It's very important to provide young people with reading material that interests them, outside of school, so that reading does not seem like a chore.

What advice would you give budding writers?

If you want to write your own book, stop talking about it and actually do it. It's easier than you think it is! Only you are stopping yourself from writing.



Pic: Anton Scholtz

Ziyaad Abdurahman

Abavelele ezindabeni

Ukuba yisibonelo ngendlela owenza ngayo

Uziyaad Abdurahman, ovela eHanover Park eKapa, oneminyaka engama-24 unentshisekelo yokuhlomisa abanye. Ungumbhali wenoveli futhi, *i-Gain friends, Lead people, Be a Hero*. Sikhulume noZiyaad mayelana nalokho okumkhuthazayo.

Uqale nini ukubhala?

Ngigale ngiseBangeni loku-1. Ngangiqamba zonke izinhlobo zezindaba futhi ngangibhala noma yini engangikwazi ukuyibhala. Ngesikhathi ngisesikoleni samazinga aphakeme, ngazama ukusebenzisa imvumelwano ngokubhala i-rap nezinkondlo.

Yini eyakwenza wabhala incwadi yakho?

Ngifuna ukwabelana nabanye ngolwazi enginalo. Ngithanda ukuthi wonke umuntu afunde ukuthi baphathwa kanjani abanye abantu ngendlela enobuntu futhi efanele. Ngiyethemba ukuthi izonika abantu ugqozi lokuzisiza ngokusiza abanye abantu.

Yini othanda ukuyifunda?

Ngijwayele ukufunda izincwadi ezingamaqiniso. Ngifunda noma yini ezothuthukisa ulwazi lwami. Lokhu kubangelwa ukuthi uma wazi okuningi, impilo yakho iba ngcono futhi ibe lula.

Ulokhele kanjani uthando lokufunda kwabanye?

Ngethule uhlelo lokwazi ukufunda nokubhala lwezingane zeBanga le-7 eHanover Park ngisebenzisa inkampani yami yokuthengisa imikhiqizo, i-Mazlo Corp. Ikhuthaza izingane ezincane ukuthi zifunde futhi zibhalelele ukuzithokozisa ngesikhathi zenza ngcono amakhono azo ayisisekelo okwazi ukufunda nokubhala. Kubaluleke kakhulu ukuhlinzeka izingane ezincane ngezinto zokufundwa ezizihlaba umxhwele, ngaphandle kwasesikoleni, ukuze ukufunda kungabi sengathi umsebenzi onzima.

Ikuphi ongacebisa ngakho ababhali abasafufusa?

Uma ufuna ukubhala incwadi yakho, yeka ukukhuluma ngakho, empeleni kwenze. Kulula kunalokho okucabangayo! Nguwe ozivimba ukuthi ubhale.

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference. To nominate a Story Star, visit www.nalibali.org/story-stars.

* For terms and conditions that apply, go to www.nalibali.org/story-stars



Ezweni lonke, umuntu ngamuye kanye nabezinhlango bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxeny yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla ngezilokothe ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo. Ukuze uqoke ovelele endabeni, vakashela ku-www.nalibali.org/story-stars.

* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-www.nalibali.org/story-stars

Reading club corner

Do the children at your club ask you for advice about which books to choose? Let everyone at the club help with this by creating a book wall. Book walls are a great way to get children talking about books! Here's how:

1. As the children read books they enjoy, ask them to write the title of the book, its author and their name on a slip of paper. (You can do this too for the books you enjoy!)
2. Display all the slips of paper on a wall of your reading club venue.
3. When children are looking for a book to read, encourage them to look for a title that interests them on the book wall.
4. Suggest that they speak to the child who wrote down the title to find out more about the book.


Ikhona lethimba lokufunda

Ngabe izingane zasethimbeni lakho lokufunda ziyakucela ukuthi uzicebise ukuthi zikhethe ziphi izincwadi? Vumela ukuthi wonke umuntu ethimbeni lokufunda asize ngokwenza udonga lwezincwadi. Udonga lwezincwadi luyindlela enhle yokwenza ukuthi izingane zikhulume ngezincwadi! Nansi indlela ongenza ngayo:

1. Ngesikhathi izingane zifunda izincwadi ezizithokozelayo, zicele ukuthi zibhale isihloko sencwadi, umbhali wayo negama lengane ephepheni. (Nawe ungakwenza lokhu ngezincwadini ozithokozelayo!)
2. Phanyekani wonke amaphepha odongeni lwendawo yethimba lenu lokufunda.
3. Uma izingane zibheka incwadi ezizoyifunda, zikhuthaze ukuthi zibheke izihloko ezizihlaba umxhwele odongeni lwezincwadi.
4. Phakamisa ukuthi zikhulume nengane ebhale isihloko sencwadi ukuze zithole kabanzi ngencwadi.

Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
 2. Fold it in half along the black dotted line.
 3. Fold it in half again.
 4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
 2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
 3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
 4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



The wind swept the kite over the great Zambezi River, which snakes its way across Zambia and Zimbabwe.

The kite narrowly escaped being soaked by the spray of the Smoke that Thunders, or Most-oa-Tunya. This is the name the Zimbabweans use for the Victoria Falls, the largest waterfall in Africa.

Umooya waluphephetha ikhayithi laze layofika emfuleni omkhulu waseZimbabwe, ohamba udlule iZambia neZimbabwe.

Ikhayithi lacishe lamanziwa umfazo we-Smoke of Thunders, noma weMost-oa-Tunya. Leli yigama abantu baseZimbabwe ababiza ngalo iVictoria Falls, impophoma enkulu kunazo zonke e-Afrika.




Ladlula umfula i-Orange landizela phezu kwesihlabathi lwaseNamibia. Izintaba zesihlabathi zaseNamibia zinde kunazo zonke ezinye emhlabeni wonke jikelele. Izibankwa nezintulo zitsheza ngaphansi kwesihlabathi ukubalekela ingozi kanye nokupholisa imizimba yazo.

Ikhayithi landizela phezu kweKalahari, ugwadule abatswana abacabanga ukuthi indawo eyomile noma indawo enganamanzi.


It crossed the Orange River and flew over the red sands of the Namib Desert of Namibia.

The Namib's dunes are the tallest in the world. Lizards and geckos dive under the sand to escape danger and to keep cool.

The kite flew over the Kalahari, the desert the Batswana people think of as the thirsty or waterless place.



A Kite's Flight Ikhayithi Elindizayo



William Gumede
Maja Sereda



We publish what we like

This is an adapted version of *A Kite's Flight*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from www.jacana.co.za. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Funda indaba yokuqala, *Ikhayithi Elindizayo*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekheleni elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination


Fold

Suddenly, a burst of wind tugged at the kite and the string broke. Friendly hands on the beach tried to grab the string and rescue Andile's kite.

But the wind lifted it higher and higher into the sky. It rose above the cable car and disappeared beyond Table Mountain. The kite flew away from Andile and his papa.

Ngokuphazima kweso, isivunguvungu somoya salidonsa ngamandla ikhayithi kwamqamuka intambo. Izandla zabantu abagcwele umusa ebhishi zazama ukuyibamba intambo ukusindisa ikhayithi lika-Andile.

Kodwa umoya waliphhephelela phezulu esibhakabhakeni. Lakhuphuka ladlula imoto ehamba ngocingo likagesi ladlula intaba eyitafula (Table Mountain) lanyamalala.



One summer morning, when the sun was beginning to spread its warmth across the clear, blue African sky, Andile asked his papa, "Are you busy now?"

"Mmm," said his papa. "Why do you ask?"

"Because you promised you would help me build a kite," said Andile hopefully.


"Yes, great idea," said his papa, putting aside the newspaper he was reading.

Ngelinye ilanga emini yakuseni ehlobo, ilanga laliqala ukwendlala imfudumalo asibhakabhakeni esiluhlaza saseAfrika, u-Andile wabuza ubaba wakhe, "kukhona okwenzayo manje?"

"Ehene," kusho ubaba wakhe. "Yini ubuzelani?"

"Ngoba ungithembise ukuthi uzongisiza ukwakha ikhayithi," kusho u-Andile ngokwethemba.

"Yebo, umqondo omuhle lowo," kusho ubaba wakhe, ebeka phansi iphepha abekade elifunda.



Umfanyana omncane owayebizwa ngegama lika-Ahmad wayehamba nobaba wakhe ngesikhathi ebona ikhayithi livele kancane esihlabathini.

Umfanyana waliphakamisa ngokucophelela ikhayithi. Wayezibuza ukuthi ngabe liphumaphi leli khayithi nokuthi ngabe lakhiwa ngubani nanokuthi lihambe lafika kanjani lapha.

U-Ahmad wabuza ubaba wakhe, "Singalilungisa?"

"Ehene, singalilungisa," kuphendula ubaba wakhe.

"Awuzwake! Masililungise!" kumemeza u-Ahmad. Nangempela u-Ahmad nobaba wakhe base beqala ke ukulilungisa ikhayithi. Emuva kwesikhashana labe selilungele ukundiza futshi ...



The wind blew
Andile's kite
westwards across
the tree tops of
the forests of the
Congo Basin,
home to tribes
of pygmies, as
well as the wild
mountain gorilla
and the okapi.

Umoya waliphaphetha ikhayithi lika-Andile landiza
lakhona ngasentshona ngamula phezu
kwezilahla zamahlati aseCongo Basin, ikhaya
lezichwe namagorila asendle ohlala ezintabeni kanye
nama-okapi.



A light breeze lifted the kite over the Atlantic Ocean.
Passers-by looked admiringly at the kite. One or two asked
to hold it for a while. A beaming Andile allowed them to
do so.
"Should we let it go higher, Papa? Higher than the clouds?"
asked Andile.
"If it goes too high we won't be able to see it. We also
don't have enough string," said his papa.
Umoya ohelezayo walikhuphulela ngaphezu kolwandle
i-Atlantic ikhayithi. Abantu abadlulayo balibuka
balithanda ikhayithi. Abambalwa babecela ukulibamba
isikhashana esincane. U-Andile owayephuphuma injabulo
wayebavumela ukuba balibambe.
"Usho ukuthi silizele phezu! Baba? Liphakame
lidlule amafu?" kubuza u-Andile.
"Uma liya phezu kakhulu ngeke sisakwazi ukulibona.
Okunye asinayo enye intambo," kusho uBaba wakhe.

A strong desert wind shook it loose and carried it away.
Suddenly, the wind stopped and the clouds cleared. The
kite fell on the beach sand of the Mediterranean Sea,
on the northern tip of Africa. The kite was ragged and
tattered and looked very different to the one that Andile
and his papa had made.
A little boy called Ahmad was walking with his papa on
the beach when they saw the kite lying half buried in
the sand.
The boy carefully picked up the kite. He wondered
where it had come from, who had made it and how far
it had travelled.
Ahmad asked his papa, "Can we fix it?"
"Mmm, we could," replied his papa.
"Yes! Let's do it!" shouted Ahmad. And so together
Ahmad and his papa fixed the kite. Soon it was ready to
fly again ...

Umoya omkhulu onamandla wasogwadule walinyakazisa
waliphaphetha ikhayithi.
Ngokuphazima kweso, wathula du umoya namafu
avuleka. Ikhayithi lawela esihlabathini sasebishi lolwandle
iMediterranean, ngasechosheni olungasenyakatho
ye-Afrika. Ikhayithi ladabuka laguga labukeka lehluke
kakhulu kulelo elenziwa u-Andile nobaba wakhe.



"What do we need to make a
kite, Papa?" asked Andile.
"Let me see. We need paper,
two sticks, glue and tape,"
said Papa.
"Oh, we can use your
newspaper and some of
Mamma's string,"
suggested Andile.
"We've got bamboo sticks in
the garden. The driest ones will
fly the best," said his papa.
After eagerly cutting, pasting
and taping, their kite was
ready to fly.

"Sidingani ukwakha ikhayithi, Baba?" kubuza u-Andile.
"Ake ngicabange. Sidinga iphepha, izinti ezimbili, iglu nethephu,"
kusho uBaba.
"Wo, singasebenzisa
iphephandaba lakho
kanye nentambo kaMama,"
kusho u-Andile.
"Sinezinti zoqalo engadini.
Ezome kahle zizondiza kahle,"
kusho uBaba wakhe.
Emuva kokusika
nokunamathisela, ikhayithi labo
labe selilungele ukundiza.



They ran off to the beach to fly their new kite. It was a perfect day. The wind was neither too strong nor too weak – just the kind that would give a kite a lift.


“Will our kite fly, Papa?” asked Andile.

“We won’t know until we’ve given it a try,” said his papa.

Bagijimela ebhishi ukuyondizisa ikhayithi labo elisha. Kwakuyilanga elimnandi. Umoya wawukhona kodwa ungavunguzi ngamandla – kwakuwumoya ongali phakamisa ikhayithi.

“Lizondiza ikhayithi lethu, Baba?” kubuza u-Andile.

“Ngeke sazi uma singakazami ukulindizisa,” kusho uBaba wakhe.




4

6

The kite’s string got caught in a groove of one of Egypt’s ancient pyramids. For days and nights the kite flew from the top of the pyramid and was watched by the camels.

Intambo yekhayithi yagaxela engoxeni yamanye amaphiramidi ase-Egypt. Kwathatha amalanga nobusuku ikhayithi lindiza phezu kwephiramidi libhekwe amakameli.




13

Papa held the kite in one hand and the string in the other. As he ran, he rolled out the string and then released the kite into the air.

Before long it was soaring above the beach. Papa handed the flying kite to Andile, who held it steady. It wasn’t long before the kite flew above the tallest buildings lining the beach.

UBaba wabamba ikhayithi ngesandla esisodwa kanye nentambo ngesinye isandla. Waqala ukugijima esombulula ikhayithi wase eliyeka ukuze lindizele emoyeni. Kungakapheleli isikhathi eside ikhayithi labo selindiza phezu kwebhishi. UBaba wanikeza u-Andile ikhayithi elindizayo, wallibamba walliqinisa u-Andile. Akuthathanga isikhathi eside ikhayithi labo selindiza ngaphezu kwamabhiliidi aphakame angaphambi kwebhishi.



5

The kite flew on over the forests and wetlands of Southern Sudan, where many birds spend their winters.

Then it crossed the enormous Sahara Desert in Sudan. A dust storm pushed it faster and further along the mighty Nile River and, finally, into Egypt.

Ikhayithi landiza phezu kwamachlathi kanye namathafa aseSouthern Sudan, lapho izinyoni eziningi zichitha khona isikhathi sasebusika. Labo selingamula ngwadule olukhulukazi isiphapho sothuli saliphusha ngamandla saliphushela kude laya ngasemfuleni iNile, laze layongena e-Egypt.





12

Fold

Get story active!

After you and your children have read *A Kite's Flight*, try out some of these ideas.

- Andile and his father enjoy spending time together. Discuss the things that you enjoy doing together as a family.
- With older children, trace the kite's journey using the information in the story and a map of Africa in an atlas.
- Re-read the story together, looking closely at the pictures and thinking about each of the places mentioned. Discuss what you think these places might be like. Suggest that your children draw a picture of themselves visiting one of the places.
- Make your own kite! You will need: a rubbish bag, two thin sticks (long twigs, skewers taped together, garden stakes), string, scissors, tape.
 1. Lay the rubbish bag on the floor or table.
 2. Lay one stick across the other on top of the bag. Make sure that they cross like in the letter **t**.
 3. Tie the sticks together tightly by wrapping the string around where they cross and then tying a knot.
 4. Cut the bag in a diamond shape. Make sure that the diamond is a bit bigger than the frame you have created with the sticks.
 5. Tape the bag tightly to the four ends of the sticks.
 6. Tie a long piece of string to the stick frame.
 7. Cut the pieces of rubbish bag left over into strips. Tape them to the bottom of the kite.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Ikhayithi Elindizayo*, zamani eminye yale miqondo.

- U-Andile nobaba wakhe bayakuthokozela ukuchitha isikhathi sabo ndawonye. Xoxisanani ngezinto enithanda ukuzenza njengomndeni.
- Nezingane ezindadlana, bukani uhambo lwekhayithi ngokusebenzisa imininingwane esendabeni nebalazwe le-Afrika elisebhukwini lamabalazwe.
- Fundani indaba ndawonye futhi, nibheka kabanzi izithombe futhi nicabange ngendawo ngayinye kwezishiwo. Xoxani ngokuthi nicabanga ukuthi lezi zindawo zingaba njani. Phakamisa ukuthi izingane zakho zidwebe izithombe zazo ngenkathi zivakashele enye yazo.
- Yenza ikhayithi lakho! Uzodinga iplastiki kadoti, izinswazi ezimbili (izinti ezinde, ama-skewer ahlanganiswe ndawonye, ama-garden stake), intambo, isikele, itheyiphu.
 1. Beka uplastiki kadoti phansi noma phezu kwetafula.
 2. Beka uthi olulodwa luvundle phezu kweplastiki. Qinisekisa ukuthi zivundla njengohlamvu u-**t**.
 3. Bopha uhlanganise izinti ziqine ngokuzibopha ngentambo lapho ziphambana khona bese ubopha ifindo.
 4. Sika uplastiki umise okwedayimane. Qinisekisa ukuthi lokhu kuba kujana nefreyimu oyakhe ngezinti.
 5. Bophela uplastiki ngetheyiphu emakhoneni womane ezinti.
 6. Bophela intambo ende ukuze unamathisele ifreyimu.
 7. Sika izingcezu zoplastiki kadoti ezisele zibe imicu. Zibophele ngetheyiphu ekugcineni kwekhayithi.

Celebrating our fathers!

Each year in June, we celebrate how important good fathers are. Follow the instructions to make a card for your dad or the father-figure in your life!

Make a Father's Day card

1. Cut out the card by cutting along the red line.
2. Fold the card along the dotted black line.
3. Glue the two parts together.
4. On the side with the picture, write a message to the person you will give the card to. Colour in the picture.
5. On the other side, draw a picture of you and this person together, or write a poem or longer message.



Ukubungaza obaba bethu!

Minyaka yonke ngoJuni, sigubha indlela ababaluleke ngayo obaba abahle. Landela imiyalelo ukuze wenze ikhadi likababa noma umuntu odlala indima kababa empilweni yakho!

Yenza ikhadi loSuku Lobaba

1. Sika ikhadi ngokusika ulandele umugqa obomvu.
2. Goqa ikhadi ulandele umugqa wamachashazi amnyama.
3. Hlanganisa lezi zingxenye ezimbili ngegulu.
4. Ohlangothini olunesithombe, bhala umyalezo oya kumuntu ozomnikeza ikhadi. Hlobisa isithombe ngombala.
5. Ngakolunye uhlangothi dweba isithombe sakho nalo muntu nindawonye, noma ubhale inkondlo noma umlayezo omude.



Story corner

Here is the final part of the story about the lonely man with a very long beard. Enjoy reading it aloud or retelling it.

The lonely tailor (Part 2)

by Derek Wiid

On his way home from the market, Dell saw a little dog at the side of the road. It shivered and shook and looked at him with sad eyes.

"Oh," said Dell, "poor puppy. Are you cold? Are you lost?"

Dell felt so sorry for the little dog that he gave it a piece of bread. The hungry little dog gobbled the bread down and wagged his tail, but still shivered with cold.

Suddenly Dell had the most amazing, incredible, brilliant idea.

"What if I cut off a little piece of my beard and wrap that around you? Would that keep you warm until you find your way home?"

"Woof, woof, woof," said the little dog, as if it understood every word.

So Dell took a pair of scissors and *snip-snip-snip*, cut off a piece of his beard. He wrapped the piece of beard around the puppy and gently tied a knot. It looked just like a tiny jersey. The puppy seemed so happy it could not stop wagging its tail and licking Dell's hand.

Just then Dell heard someone calling. "Pepper! Pepper! Where are you?"

A lady rushed up to Dell and the little dog. "Oh, Pepper, there you are. I've been so worried," she said.

Oh-oh, Dell thought, *she is going to turn away because of my beard*. But she didn't.

"Thank you so much for finding my dog," she said. "My name is Pauline. Ummm ... aren't you Dell the tailor?" she asked.

Dell nodded, but he was worried about what she would say about her dog's new jersey.

"Well, will you look at this?" said Pauline. "What a good idea! Pepper," she said to her dog, "you look so snug and warm." Pepper licked her face happily.

"I am sure there are many little dogs that need snug warm jerseys now that it is winter," she said to Dell. "You could make jerseys for them as well."

And that is just what Dell did. He cut off pieces of his very long beard to make doggy jerseys. Very soon he had a short beard.

Dell the tailor now made new clothes, old clothes into not so new clothes, and lots of doggy jerseys. He also made many new friends. And, of course, Dell had to make clothes for himself too because now he did not have a long beard to keep him warm in winter and cool in summer.



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood
Umdwebo wenziwe uJiggs Snaddon-Wood

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenywe yokugcina yendaba emayelana nendoda eyinkomo edla yodwa enentshebe ende kakhulu. Thokozela ukuyifunda kakhulu noma uyixoxe kabusha.

Umthungi oyinkom' edla yodwa

(Ingxenywe yesi-2) ebhalwe uDerek Wiid

Endleleni yakhe ebuyela ekhaya esuka emakethe, uDell wabona umdlwane eceleni komgwaqo. Wawugodola futhi uqhahazela, wambuka ngamehlo adangele.

"O," kusho uDell, "mdlwane wabantu. Ngabe uyagodola? Ngabe ulahlekile?"

UDell wawudabukela umdlwane waze wawunika ucezu lwesinkwa. Umdlwane wasishaya wasivala isinkwa wase utshikizisa umsila wawo, kodwa wawusaqhahazeliswa ukugodola.

Ngaleso sikhathi uDell waba necebo elimangalisayo, elinswempu, elihle kakhulu.

"Kunganjani ngisike isiqeshana sentshebe yami bese ngikusonga ngaso? Ngabe lokhu kuzokugcina ufudumele uze uthole indlela eya ekhaya?"

"Hhu, hhu, hhu," kukhonkotha umdlwane, sengathi uqonda igama ngalinye.

Ngakho uDell wathatha isikele wasika isiqephu sentshebe yakhe. Wagoqa isiqeshana sentshebe yakhe emdlwaneni wase ebopha ifindo kamnene. Yayibukeka njengejezi elincane. Umdlwane wawubukeka ujabulile futhi wawungakwazi ukuyeka ukutshikizisa umsila wawo nokukhutha izandla zikaDell.

Kusenjalo uDell wezwa kukhona omemezayo. "Pepper! Pepper! Ukuphi?"

Ileti lagijima leza kuDell nomdlwane. "O, Pepper, ngaze ngakuthola. Bengikhathazekile," kusho lona.

"Awu, hhe," kucabanga uDell, "lizojika ngenxa yentshebe yami." Kodwa alizange.

"Ngiyabonga kakhulu ngokutholainja yami," kusho yena. "Igama lami nginguPauline. Ummm ... ngabe awusiye yini uDell umthungi?" kubuza yena.

UDell wavuma ngekhandakodwa wayekhathazekile ngokuthi wayezothini ngejezi elisha lenja yakhe.

"He, ake nibheke?" kusho uPauline. "Umqondo omuhle lo! Pepper," esho enjeni yakhe, "ubukeka uthokomele futhi ufudumele." UPepper wakhotha ubuso bakhe ngenjabulo.

"Nginesiqiniseko sokuthi miningi imidlwane edinga amajezi akwenza uthokomale njengoba sekusebusika," esho kuDell. "Ungayenzela amajezi nayo."

Yilokho kanye okwenziwa uDell. Wasika intshebe yakhe ende kakhulu ukuze enze amajezi ezinja. Ngokukhulu ukushesha wayesenentshebe emfishane.

Manje uDell umthungi wayesenza izingubo ezintsha, izingubo ezindala zifane nezintsha kanye namajezi ezinja amaningi. Wathola nabangani abasha. Futhi, nangempela, uDell kwadingeka ukuthi azenzele izingubo ezintsha naye manje ngoba wayengasenayo intshebe ende yokugcina efudumele ebusika futhi epholile ehlobo.

In your next Nal'ibali supplement:

- Making your reading club a success
- Story Stars: Fundza
- Ideas for your reading club
- A teen read: short stories with a twist to celebrate Short Story Day
- A zigzag book for babies, *Hippo and his friends*

Need more resources? Nal'ibali is here to help! Visit the resource section on www.nalibali.org for posters, bookmarks, checklists and tip sheets which are available in six South African languages! You can also find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

Find us on your cellphone:
www.nalibali.mobi
Sithole
kumakhalekhukhwini wakho:
www.nalibali.mobi



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukwenza ithimba lakho lokufunda libe yimpumelelo
- Abavelele Ezindabeni: i-Fundza
- Amacebo ethimba lakho lokufunda
- Okuzofundwa ngamabhungu namatshitshi: izindaba ezimfishane ezinengwijikhwebu zokugubha Usuku Lwezindaba Ezimfishane
- Incwadi yezingane ezincane ezimazombezombe, *Imvubu nabangane bayo*

Ngabe udinga ezinye izinsiza? UNal'ibali ulapha ukuze akusize! Vakashela ingxenywe yemithombo yolwazi kuwebhusayithi ethi www.nalibali.org ukuze uthole amaphosta, izinto zokubekisa, izinhlu zezinto okufanele zenziwe namakhasi amacebo atholakala ngezilimi eziyisithupha zaseNingizimu Afrika! Ungasithola futhi naku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

